SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 1**

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

1.1 Ohlolwayo makaveze ukuthi kwakwenzekani ngesikhathi kuphenya izulu. Makuvele ukuthi kwaxazululeka izinkinga owayebhekene nazo. Isb. Aqaqeka amafindo, ukulunga kwezinto/kwenkinga, isimo sezulu, njl. **[50]**

1.2 Ohlolwayo makachaze izinto ezibeka impilo yabantu engcupheni. Isb. Imikhiqizo engahloliwe iyaphasiswa ukuba isetshenziswe, njl. **[50]**

1.3 Ohlolwayo makaveze ukuthi uyasiqonda lesi sihloko ngokuninga ukuthi ukuze umuntu abe sezingeni eliphezulu empilweni usuke esebenze kanzima. Isb. Kuvame ukushiwo kumuntu okhuthazwayo ukuthi angasoli uma enikwa umsebenzi omningi. Kungaba ngumfundi osesikoleni, osebenzayo nogqugquzelwa ukuba asebenze kuze kube sekugcineni ukuze aphumelele, njl. **[50]**

1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Angabhala ngamathuba amahle atholwa yizingane zezigwili adala ukuthi ziphumelele. Isb. Ukufunda ezikoleni ezibizayo ezinezinsizakufunda eziphambili, njl. Angabhala ngezinselelo ezibhekana nezingane zezigwili ezenza zehluleke ukuzimela uma sezikhulile. Isb. Ukuhluleka ukwenza izinto ngoba zijwayele ukwenzelwa njengokuya emtatsheni yolwazi, njl. **[50]**

1.5 Ohlolwayo makaveze ukuthi kungani likhinyabezeka ikusasa labafundi abakhethelwa izifundo okumele bazenze. Isb.
Ovumelanayo: Ukungaphumeleli kwabafundi ngenxa yokungakuqondi okufundiswayo, njl.
Ophikisayo: Ukuphumelela kwabafundi yize bekhethelwe izifundo okumele bazenze, njl. **[50]**

1.6 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isb. sesihloko:

Qhude manikiniki zindala zombili/Umncintiswano wezikole/Mhla ngiklonyeliswa ngendondo, njl. **[50]**

1.7 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isb. sesihloko:

Imisebenzi yomuntu iyohlala imlandela/Isithunzi somuntu singuye uqobo,njl. **[50]**

1.8 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isb. sesihloko:

Masifunde ukucabanga sisabalale/Abantu abaphumelelayo abasebenzisa ingqondo ngokujulile, njl. **[50]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

2.3 **I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

Isibonelo:

- Isihloko okubhalwa ngaphansi kwaso: Isibonelo: Maye ngezinkundla zokuxhumana!
- Igama lobhalile lingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikhili.
- Isibonelo: Ibhalwe nguBhekile Madondo.
- Ayibe nesakhiwo (isingeniso, umzimba, nesiphetho).
- Isigaba sokuqala- Isingeniso: Makuvele ukuthi uyasethula isihloko sakhe.
- Isigaba sesibili- Umzimba: Makenabe ngesihloko kuvele amaqiniso, aluleke anike izibonelo lapho kudingeka khona.
- Isigaba sesithathu- Isiphetho: Makaxwayise/makaluleke/makaqwashise, anike nezincomo ngesihloko. **[25]**

2.4 **I-IMEYILI**

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalelwayo, isb. Iya ku: mbongeni.magagula@dha.gov.za
- Ikheli elilodwa lobhalayo, isb. Ivela ku: sne01@ymail.com
- Cc: madlophe.7@yahoo.com
- Bcc: siyahlomulak@yahoo.com
- Isihloko: Ingqikithi yesihloko/asiqonde ngqo.

Isb. Ukukhononda Ngempatho Engeyinhle, njl.

Obhalelwayo makabingelelwe ngokwesikhundla ...
Nsumpa/Mphathi/Mnumzane/Nkosazane/Nkosikazi

- Isigaba sokuqala, angaqalisa kanje: Ngithi …(Makahlale engqikithini.)
- Isigaba sesibili, makenabe ngengqikithi ye-imeyili (ukukhononda)
- Isigaba sesithathu, makasonge ngokuveza afisa kwenzeke
- Isigaba sesine, makaphethe i-imeyili (Ngiyethemba ukuthi …

Ohlolwayo makasebenzise ulimi/irejista efanele.

- Isiphetho: Makavalelise akhombise ukuhlonipha lo ambhalelayo.
  Isibonelo: Yimina ozithobayo
  uSne Mseleku **[25]**

2.5 **INKULUMO ENGALUNGISELELWE**

- Isihloko: Inkulumo yethulwa ngubani, uhlobo lomcimbi, usuku, indawo nesikhathi.
- Isingeniso: Ukubonga ithuba, ukubingelela ngokwezikhundla.
- Umzimba: Ukunamathela engqikithini. Isb. Ukwamukela abadlali abasha.
- Ukusho ukuthi yini elindeleke kubo njengabadlali njengokubanika izeluleko ezakhayo.
- Ukubafisela isikhathi esihle sokudlalela leli qembu/ Ukugqugquzela.
- Isiphetho: Makaphinde abonge ithuba kumphathi wohlelo nezethameli. **[25]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

2.6 **UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

- **Isingeniso:**

- Isihloko: Umbiko Omayelana Nomncintiswano Wonobuhle Noswenka Esikoleni
- Uya ku: Uthisha ophethe isigungu sabafundi
- Usuku: 10 Lwezi 2025
- Isikhathi: 10 ekuseni
- Indawo: Mehlomakhulu Secondary

- **Umzimba:**
  - Abafundi ababengenele umncintiswano.
  - Imininingwane yokwenzeka ngesikhathi somcimbi.
  - Abaphumelela nemiklomelo.

  Ohlolwayo angaveza la maphuzu alandelayo:

  Isibonelo: onobuhle noswenka baqale bangena ngomfaniswano wezikole zabo, badansa/basina ngemvunulo yesintu, babukisa ngengqephu kanokusho, baphendula imibuzo, bathembisa abazokwenza uma bephumelela, imiphumela, njl.

- **Isiphetho:**
  - Makabhale uvo lwakhe.

- Qaphela makasebenzise:
  - Inkathi edlule.
  - Ulimi olujwayelekile nolufanelekile/ irejista efanele.
  - Umuntu wesithathu.

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African